

IPHESHANA EIIQUKETHE IMININGWANE YESIGULI NESIHLOBO

Ukuhlola iplasebo okubanzi oluqashelwe bunyenyela ezigulini ezilimele zopha kakhulu noma ezisengozini ngenxa yokopha kakhulu, olucawninga ngomphumela womshanguzo ovimba ukuhlambuluka kwegazi ukuze kunciphe inani labafa ngenxa yokopha futhi kunciphe inani labadinga igazi. Inkomba: E178/05

Lesibhedlela sibambe iqhaza ocwaningweni lokuthola izindlela zokunciphisa ukopha kakhulu emva kokulimala kakhulu. Nawe uyingxyenye yalolu cwaningo.

YINI OKUFANELE UYAZI NGOCWANINGO?

Leli fomu linikeza imininingwane ngesifundo. Okunye okuqukethwe lapha yizinhloso, yizingozi nomhlomulo otholakala ngokubamba iqhaza.

Kulesi sibhedlela, iziguli ezophe kakhulu zithola ukwelashelwa ukopha okwejwayekile ngenxa yokulimala kakhulu. Inhloso yalolu cwaningo ukuthola indlela yokwelapha engcono. Sethemba ukuthi umshanguzo uzokhuthaza ukushuqungana/ ukushuba kwegazi, ngaleyo ndlela, unciphise ukulahleka kwegazi eliningi futhi unciphise isidingo sokufakelwa igazi. Kodwa umshanguzo ungabanga amahlule lapho engadingekile khona. Sethemba ukuthi sizothola ukuthi umshanguzo uzoba nomphumela ongcono kakhulu kunobungozi kodwa asikakazi. Make ufunde imininingwane ngephansi ngokucophelela bese ubuza noma yimiphi imibuzo ofuna ukuyibuza kudokotela okunakekelayo.

1) Lwenziwelani lolu cwaningo?

Ukopha kakhulu yimbangela ejwayelekile yokufa emva kokulimala futhi kubalulekile ukuba kutholakale izindlela ezingcono zokunciphisa ukulahleka okukhulu yigazi.

2) Iyini inhloso yalesi sifundo?

Umshanguzo uvame ukusetshenziswa ukunciphisa ukopha emva kokuhlinzwa, njengokuhlinzwa inhliziyo. Lolucwaningo lwenziwa ukuze kubonakale umshanguzo ungakunciphisa yini nokopha emva kokulimala kakhulu. Umshanguzo ohlambulula igazi akusiwona umshanguzo omusha kodwa yindlela egunyazelwe ukwelapha izimo eziningi ezejwayelekile eziphathelene nokopha.

3) Ngubani owenza ucwaningo?

Ngudokotela ubasi lokulinga owengamele lolu cwaningo lesibhedlela. Lolucwaningo kudidiyelwe lwahlanganiswa ngodokotela baseNyuvesi YaseLandani.

4) Ngeke isiguli sikwazi ukubamba iqhaza kulolu cwaningo uma :

- kwaziwa ukuthi sineminyaka engaphansi kweyi-16
- salimala kwaze kwaba amahora angaphezu kwayi-8 ngaphambi kokuba sifike esibhedlela.
- udokotela ecabanga ukuthi kunesizathu esithile esibangela ukuba singanikezwa sampela umshanguzo ohlambulula igazi.
- udokotela ecabanga ukuthi kunesizathu esithile esibangela ukuba singanikezwa nhlobo umshanguzo ohlambulula igazi.

5) Kwenzekeni kuwena emva kokuba ube yingxenywe yalolucwaningo?

Wathola konke ukwelashelwa ukopha okwejwayelekile ngenxa yokulimala kakhulu, okubandakanya uketshezi ukubuyisela igazi elilahlekile. Futhi wanikezwa umshanguzo ohlambulula igazi osebenzayo okanye impuqu yomshanguzo ongasebenzi obizwa ngokuthi ngusawoti. Lo mshanguzo wanikezwa isikhathi esingamahora ayi-8. Ukuqoka ukuthi uthola umshanguzo onjani (umshanguzo osebenzayo noma impuqu engasebenzi) lokho kwenziwa yikhompyutha eNyuvesi yase-Oxford, e-UK. Odokotela abanelaphayo abazi lutho noma wathola umuthi osebenzayo noma impuqu yomuth. Le mininingwane ilondolozwe ohlwini oluyimfihlo kwesinye esibhedlela. Ucwawano aludingi okunye ukuhlola kodwa udokotela wakho uzothumela eSikhungweni Esengamele Ucwawano (Co-ordinating Centre) eLandani imininingwane emifushane ngokuthi bewunjani. Le mininingwane iyosetshenziswa ngobukhulu ubumfihlo ngabantu abasebenza ngocwaningo futhi noma ingeze yanikezwa omunye umuntu noma nini.

6) Zingazi zini ezingakuvelela ngokuba yingxenywe kulolu cwaningo?

Umshanguzo ohlambulula igazi awusetshenziswa kakhulu futhi okwamanje abukho ubufakazi obuqandula ikhanda ngobungozi ubungavela uma usetshenziswa isikhathi esifushane. Umshanguzo ohlambulula igazi AKUSIWO umshanguzo omusha.

8) Mihlomulo mini ongayithola ngokuba yingxenywe yalolu cwaningo?

Sethemba ukuthi umshanguzo ohlambulula igazi unganciphisa ukulahleka kwegazi. Ulwazi esilutholayo kulolu cwaningo luzosiza abantu abalimele ngendlela efanayo ngomuso.

9) Uma unemibuzo noma izinkinga ezinjani, ubani ongaxhuluma naye?

Uma unemibuzo enjani ungaxhumana noDkt. Delia Maiwald ngocingo kule nombolo 0330897 3000. Ungathinta futhi amahhovisi abaphathi beMedical Research Administration esikoleni sodokodela abafundela ukwelapha eNelson Mandela School of Medicine ngocingo kule nombolo 031-260 4604 uma unemibuzo ngamalungelo akho njengomuntu osetshenziselwa ucwawano.

10) Yimiphi imininingwane esiyigcina iyimfihlo?

Yonke imininingwane ephathelene nawe nangokulima kwakho iyogcinwa iyimfihlo. Abantu abavunyelwe ukubheka imininingwane kuyoba ngodokotela

abenza ucwaningo, abasebenzi eSikhungweni EseNgamele Ucwaningo kanye nezikhulu eziphethe okuyizona zibheka ukuthi ucwaningo lwenziwa ngokufanelekile. Imiphumela yocwaningo siyoyazisa ngokuyikhipha ebhukwini eliqukethe izindaba zokwelapha ukuze abanye odokotela bahlomule ngalo lwazi, kodwa imininingwane ngawe ngeke yona ifakwe futhi ngeke kwenzeke ukuba waziwe.

11) Kungenzeka yini ucwaningo lusheshe luphele kwababambe iqhaza?

Umshanguzo wawunikezwa uma isimo sokulimala sisibi kakhulu. Sethemba ukuthi uzosivumela ukuba sisebenzise imininingwane mayelana nokuphatheka, kodwa uma ungathandi ukubva siyisebenzise, sicela wazise udokotela wakho.

12) Yini enye ofisa ukuyazi?

- Ucwaningo luxhaswe ngezimali yiNyuvesi YaseLandani kanye neHlangano YoMhlaba YezeMpilo, hhayi abakhiqizi bomshanguzo.
- Uma kukhona noma yimiphi imininingwane emisha esiyitholayo engaba nomthelela esinqumweni sakho ukuba uqhubeke ube yingxenye yocwaningo, siyokwazisa ngayo.
- ISikole SaseLandani SezeMpilo NezeMithi EziFundeni EzikuShisa (London School of Hygiene & tropical Medicine - Univesrity of London) njengeSikhungo EseNgamele lolu Cwaningo semukela zonke izibopho ezihambisana nokuxhaswa kwalolu cwaningo futhi, kanjalo, siyokhokha noma yiziphi izindleko zokwenxephezela ukulima ngengozi engadalwa ngubudedengu eyokwehlela noma ngubani ngokuba eyingxenye yalolu cwaningo.
- Sizokunikeza ikhophi yaleli fomu eliyimvume ukuba uligcine.

12) IMVUME

Nginyaqonda ukuthi ucwaningo lungani futhi ngiyajabula ukuthi imininingwane yokusinda kwami isetshenziswe kulolu cwaningo.

Ukusayina

Usuku

Igama

Igama likadokotela ocela imvume
